

# Isipho sosuku lokuzalwa esizedlula zonke


Ibhalwe nguZaheera Jina Asvat

Imifanekiso kaChantelle noBurgen Thorne



UZakariyya wavuka ngesikhathi ilanga lilunguza ngezikhala zekhethini.

Kwakuwusuku lwakhe lokuzalwa! UMama wayemethembise isipho sosuku lokuzalwa esikhethekile. Ngemva kwesidlo sasekuseni, uMama wasiza uZakariyya ukuthi ahlale esihlalweni esingemuva semoto.



UZakariyya wezwa ukukhonkotha kwezinja kanye nokukhala kwamakati.

“Sikuphi kanti, Mama?” kubuza yena.

“Size endaweni ebaluleke kakhulu lapho kunakekelwa khona izilwane. Le ndawo ibizwa nge-SPCA.”



Bangena ngeminyango yengilazi base bebingelelwa owesifazane ogqoke umfaniselwano womsebenzi eliluhlaza okwesibhakabhaka.

“NginguDkt. Molete. Siyanemukela e-SPCA.

Ngingudokotela wezilwane, kuthiwa ngiyi-‘vet’ uma kunqanyulelwa. Nginakekela izilwane ezigulayo.”

UMama wathi. “Size lapha ukuze sizozitholela amazinyane amakati amabili.”

“Amazinyane amakati amabii?” kubuza uZakariyya.

UDkt. Molete wabahola ukuya ezindlini zezilwane.

UZakariyya wabona amakati namazinyane amaningi.

UDkt. Molete wafaka izinyane elilodwa elinsunjwana kanye nelinamabala amnyama namhlophe kokokuthwala amakati.

UMama wasayina amaphepha okuthi useyawathatha amazinyane amakati wase ekhokha nemali yalokho.

UZakariyya wavayizela ngesandla evalelisa kuDkt. Molete.



Kamuva ngesikhathi inyanga isivalelisa ilanga, uZakariyya wagonana namazinyane akhe embhedeni wakhe.

“UGinger kanye noLiquorice bayizipho zosuku lokuzalwa ezizedlula zonke, Mama!” kuhleka uZakariyya.

# Isipho sosuku lokuzalwa esizedlula zonke

Ibhalwe nguZaheera Jina Asvat • Imifanekiso kaChantelle noBurgen Thorne

## Imibono okungaxoxwa ngayo

Uzoba neminyaka emingaki ngosuku lwakho lokuzalwa olulandelayo? Yini engaba isipho sosuku lokuzalwa esizedlula zonke?

Ucabanga ukuthi u-Ginger no-Liquorice bafika kanjani e-SPCA?

Emndenini wakini, niyanikezana izipho zosuku lokuzalwa? Kungani ninikezana noma ninganikezani?



## Ezibonakalayo

Unaso yini isilwane sasendlini, noma uyafisa yini ukuba naso? Dweba isithombe sakho naleso silwane.



## Ukufunda

Funa lezi zinto ezisendabeni:

- ★ imisindo emibili eyenziwa izilwane
- ★ amagama amathathu emibala
- ★ inombolo eyodwa
- ★ izinto ezimbili esizibona esibhakabhakeni
- ★ igama lesidlo



## Ukubhala

U-Zakariyya ebefuna ikati eliselincane ngosuku lwakhe lokuzalwa. Ukube ubungaba nanoma yini oyifunayo, bhala uhlu lwezipho zosuku lokuzalwa obungazikhetha.



## Umsebenzi wezandla

Sebenzisa ibhokisi lekhatoni ukuze wenzele ikati isikhwama elizohlala kuso njengalesi esisendabeni. Yibe ususebenzisa inhlama yokudlala noma ubumba ukuze wenze u-Ginger no-Liquorice bese ukufaka esikhwameni sekati.



## Ukusebenza

Yenza sengathi ungu-Zakariyya bese uphinde uxoxa indaba ngaphandle kokusebenzisa amagama. Sebenzisa kuphela umzimba ukuze ubonise lokho okwenzeke ngosuku lwakho lokuzalwa.

